S.383. (24) Family history of Mahaladla and Nyonyane K13/21 of Kabakasi, Dankuser. ~~AM/3/21.~~ K13/21 F. Vilakazi. 5 1/5

1b.

Umahaladla ufuna ukulwa no Gamulakhe inkosi yakwa Ndlela.

Kuthena ukuzwakala k empi yamacunu naba Thembu kwathi Mahaladla ngokuhlangana nabanye abafowabo abasala ngaso Tugela ware sefuna ukuzenza inkosi naye. Kuthena ukuba abone loku u Gamulakhe wamubiza ebi yena uMahaladla. Umahaladla akamange esavuma ukusondla. Kuthena kanti uyena awaye yinduna enkulu ka Gamalakhe wahlubuka. Kuthena uma ehlubukile kwathi amadoda eyena wo ewathembile ukuthi angamusiza noma kuvela impi abuya ephinda emuva enkosini uGamalakhe. Okwenza amadoda amuhlaphuke uMahaladla yingoba wathi kuhle kuphindwe emuva phezu ko Tugela

2. abaningi babona amacunu besaba bamuhlaphuka uMahaladla. Ukwehluleka kwakheke loko. Usebuyela futhi enkosini seyijabula inkosi ayalwa naye. Phela kuyazisa ukuthi ezinduneni ziphelele zakwa Ndlela ayikho efana noMahaladla wayefuyile kuthiwa kodwa kwathi kuyise unina kwa owasendlini encane kwathi uma esefile uyise uZikhali badlala ngaye impela abafowabo bamuhlupha. Kwathi nezinkomo zakhe bazidla kuthi uma engekhoyena basale bazibulale abafowabo Kwabo babe bane bezalwa uNankosi wako Nkosi a mabizo abonaka ngokula ndelana kwabo, uyena uMahaladla, uNozililo, uNomulomo, noNyonyane. Kwaku abafana ababili, namantombazane amabili yena kwakungowaku-qala kwabo kugcine umfana futhi uNyonyane kwathi uZikhali esemu

3. thathile uNankosi wase uyashona kuthena uma eseshonile wayese yothatha encane yakwabo nankosi ukuvusa yena uNakosi. Kwakunjalo kuqala. Sekuthathwa yena ke unina wo Mahaladla lona kuthena uma uyise esefile basuka kwelase Tugela noko abanye basala njengoba nanamhlanjena inzalo yabo ikhona kwelase Tugela abanye eWeeneen abanye eGroutville, labaqonda khona abanye ezim-bulwane abanye eMhlwaneni kwathi abanye baqonda kwelase Kkuzi yakha. Kuthena kunjalo naye uMahaladla akhona lapho. Akahlalanga kakhulu lapha kwelase Nkuzi ubuye wahamba wenyuka wafika kwelase Kalabasi Damhauser lapho umuzi wakhe ukhona nanamhlanjena. Ngekhuluma ngama Vilakazi amaSwazi ukusaka zeka kwawo nezwe.

4. Kuthena uma efika lapha ekalabasi asakha umuzi omukhulu impela. Usethatha bafazi abawu 6. Kwathi umfowabo uNyonyane wa thatha amakhosikazi a mane.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuthena udade wabo umukhulu uNozilelo wagana abesuthu kwelase Ntabazo kwa Shabalala kwathi futhi udade wabo uNomulomo wagana bona abesuthu kwa Nkwena. Usethola udumo uMahaladla ukufika kwakhe kwelase Dunnhauser. Usethenga izwe n ezinkomo zakhe. Ulinthenge ehlangene namanye amadoda. Amakhosikazi ayiwona lana. uMashabangu inkosikazi yakhe kuze uNamguni uMakhambule uManseka, uMangcobo noma Nene inkosikazi yokugcina uManene uyena kwakuyintando kaziyakhe. Bekuthi noma kuza inkosi uGamalakhe kulungise yena uNanene konke no tshwala.

5. uNanene wavela kwazulu uzalwa uMashobane kamuPhambene kanyanga nelanga iqhawe lakwazulu. Kuthena ukuba akhe uMahlasela yena belu uMahaladla kwathi amadoda ayehamba nawo kanye naba fowabo bamuzingela befuna ukubulala. Kuthena ngelinye ilanga umfowabo emusophile efuna ukumubulala ~~xxx~~ kwa uMfelwa futhi owaye hlala emuzini ka Mahaladla wayizwa lendaba ukuthi uMofu ufuna ukubulala umfowabao useyombikela usezwa uMahaladla kuthena lamadoda athangve uMfo umfowabo omkhulu wakhwenye indlu amafumanis engekho asehlangane nempi ka M haladla sebewashaya lawo madoda

6. izingozi amnye acishe afa asinda ngoba babuye wakhuza uMahaladla ukuthi bangabulawa. Nomfowabo waye khona lapho. Manjena wahlale esilindela uMahaladla kwathi ngelinye ilanga inkosi kazi yakhe uMamsibanyoni yalahleka. Kwafumaniseka ukuthi ihalgene nalamadoda afuna ukubulala mahaladla yonke yayilwa isikwele sokuthi iyaliwa akayinthandi u Mahaladla uyixosha nazozonke izingane zayo. ~~Tabab~~ Yayinezingane ezimbili umfana ne ntombazane. Aganga ama Vilakazi kwelase kalabasi ngenxaka ka Mahal dla no Mfofu no Nonyane uMofu wayethathe abafazi abawu 3. uNyonyane ba bane. Kuthena ngelinye ilanga uMahaladla evela khona emacaleni ebusuku

7. ehamba namadoda amahlanu babona ngempi esevuka ngaphambili kuthiwa bayelwa leyo base bayixodha babahlanu njena. Omunye nabanye ayehamba naye inkosana akhe uBevule eyona yalwa impela yawisa kwathi banye bashaya naye uMahaladla walimala ngelelo langa. Kuthena njalo wasephatha umkhuhlane uthena usengconywana kwathi abantu baphethwe uyena behlukana baba ba kabili abanye beholwa uManzini ka Nkosi isono sikamakaladla walanda isikole kwabamhlophe eMgungundlovu manjena. Futhi wavumela abafundisi ukuvula amasonto.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

8 Kodwa wavumela bonke emuzini wakhe/ukuba maba kholwe. Kwathi zonke izingane zakhe wathi aziye esikoleni/ko azivumanga ezinye. Kungenxa ka Mahaladla ukubona isikole eKalabasi namhlanjena isikole esikhulu sakwa Hulumeni sino tisha abawu 8. Kungenxa ka Mahaladla u uma kwendlu yase Presbypretain imvama yaba bakwa Vilakazi kuleli lase Kalabasi kungendaba ya Mahaladla ukuba kube a Presbypretain. Abanye amaRoman. Basanda ukuphuma ePresbypretain Imvama yazingane zakwa Vilakazi zibasi manjena zifundisiwe kuleli lase Kalabasi manjena kwathi uManzini engalolo lucuku uMahaladla akamuthatha zelela njengoba phela kubonjalo ku bantu nonkosi futhi ayimange ithanda ukwenzakwa Mahaladla ukulanda isikole

9. e(Mgungundlovu) Abanye bavuma yena uMahaladla kuthena noma belwa nezingane zabo efuna ukuya esikoleni akanaka uMahaladla kwathi noma balela amakhosikazi abo ukuya esontweni nokukholwa akanaka futhi uMahaladla kwathi abesizwe saka nyembe bamuhleka ukuthi uyisilima ngokubungula izingane. Kuthiwa abantu bonke baxokozela ngoMahaladla waze/phathwa umkhuhlane wafa ngo 1913 Kuyasolisa sengathi bamubulala. Kwathi ukufa kwakhe kwan ena. Kwathi inkunzi yezinkomo igama layo kwaku uBozinuli yabona kala ingacami inqunye ishoba futhi se isashwa izimpondo kwathi indaba futhi nezinkabi ezinye kwezi ndala zabona kala zinjalo.

10. Kuthi yathi ingafa inkunzi leyo wafanaya. Nezinkabi futhi zafanazo.

Kuthena emvakwazo kwafa yena unina umankosi. Kuthena kunjalo kwase kuhlaba yona in osana uBevuli kuthena kuphushushwa ezinyangeni akusizwanga lutho. Kwamuthatha isikhathi eside ukumubulala uBevule wagula impela. Kuthena uma esefile kwahlaba yona indodana yakhe uBevule. Igamalayo uDamane yanjiswa yasiwa entabazo kwa Nozililo yahlala imunyaka lapho. Kwathi uma isingcono yase ithenga izwe kwelase ladysmith lapho isikhona manjena. Yesaba ukuthi bazoyi bulala. Ubevule wathatha isithembu abafazi bawu5 owokuqala uNakunene, uNathelela no naJele. UDamane akamange esasithatha yena isithembu noma engekholwa ka ngako kodwa uyasonta ePresbypretain futhi wafunda wagoina ku Std IV.

11. Kuthena ukuba athenge uDamane wayeselandelwa uJan ka Mofu. Kuthena kunjalo kwase kulandela uMadlebe ka Bevule. Kwese kulandela uDabiela kanoZililo wakwa Shabalala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Basa lakhile namhlanjena phezu kwengula kut ena futhi enye inkosi-
kazi kaNyonyane ka Zikali yalandela yena uDamane. Ku hena kuloko
ukufa kwa muqinisa impela. Kwase kubizwa umndeni wakwa Vilakazi
sekulandwa incwadi enkantolo yokuyobula esangomeni kwa Magangeni
esangoma sakwa Hulumeni. Kuthena uma kufikwe kuyena uMangemi k
kulalwa kwaze kuabula ngakusasa. Uthena uma esebula wamika
uNyonyane ka Zikali kuthena uma kufikwe ekhaya waye semuxosha
12. ezweni uDamane wayeseyokhonza ku Mr. Langeley umlungu owayazana
no yise ka Bevule uMahaladla uMr. Langeley akakholwanga ukuthi
uNyonyane uyathakatha akakuthandanga futhi ukwenza kuka
Damane. Sekuthi inzalo yakhe isimubalekela uNyonyane kwathi amadodan
akhe asendlu nkulu kwaMamtho beni abaeka a wahlala naye. Kwathi
namantombazane akhe amubalekela wase wathatha enye inkosikazi
uma Ntshingila uMantshingila uyena ehlezi naye namhlanjena uNyo-
nyana. Izibongo zika Nyonyane nazi:

Unyoni kayiphumuli, umalala vuke, umafa avuke, njenge
dangane. Uma bonwa engena cala, usuna zwayo bemubuzafuthi ba
uphi uNyonyana uyafanini inkome ekhala yodwa usona sabaka Vilakazi.

13. Uthena uma esezala uNyonyane wazala isizwe kwaMantshungila
nasi abafana bodwa owokuqala u Sono, Undabayezwe, uBuzwafuthi,
uSunduzwayo, uHlabana, bemubekile, uKuzamhlola no Thulane, manjana
lezingane zaqatshwa ngeziga zezwe zawo amaVilakazi Kuthena
uma esixoshiwe uNyonyane kase Kuxoshwa uMzwezwe umfowabo
ka Bevule naye kwathi wa uyaloya lowo kwathi nezingane zakhe za
xoshwa yenake wasuka wabeka ondini lapho umuzi wakhe ukhona.
Naye unesizwe esikhulu impela. Unyonyane naye uMzwezwe baye zwana
impela. Futhi nezingane zabo zihlangene sezifuna ukushintsha
zizbongo zazo ngoba zaxoshwa. Abanye bathi bona abakwa Zikhali
abanye abakwa Mahlasela abakwa Nyonayane bona abaka Zikhali
abakwa Mzwezwe abakwa Mahlsela.

14. Kuthena futhi umufazi ka Mahaladla uMangcobo
bamunika ukuthi naye yathakatha owamanjana usakhe naye
yNyonyane usemunge nile uNyonyane. Usemuzalise izingane ezimbili.
uNokuzula Nozini Umuzi ka Mahaladla sewehlukene kanjalo.
uDamane inkosana ka Bevule isiyinduna ka Sithini inkosi yawo ama

Swazi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21 5*

kwelase Ladysmith laba abakwa Vilakazi amaSwazi avela ka Buza eSwazini manjena khona kusukeni ayedumile kwelase Swzazini kuthena nasekuhamboni kwawo aba izinduna njalo njena kuthena uDavid Vilakazi waba induna ekulu ka Solomon ka Dinizulu ka Cetshwayo ka Mpande. Kuthena nokufa kwakhe uSolomona kwathiwa ubulele iyona induna yakhe uDavid. Naye ~~uDavid~~ David waphuma khona eSwazini.

15. Kuthena ukuba uDamane ahambe ayekwelase Ladysmith washiya uManzoli kaMahaladla ka Zikhali ukuba kube uyena ubeke amaVilakazi kuleli lase Dannhauser. uManzoli uzalwa uMakhambule umusuthu. Kwabo babe bahlanu. Uyena uManzoli no Nongazi, no Nomuthi, Nocoko kanye no Mabengu kuthena kwa Mamnguni kwaba umuthakathi uJohan, uNjahlanga, uMaruya no Bongi. Kwathi kwa Mangcobo kwaba uDlalambi intombiya, uSibaxana. Kwathi kwana Nsibanyoni kwaba uEsther, Nomanyosi, kwathi kwa Nanene kwaba uHlomendlini no Bekameva, no Mbulawa kanye no Mahlihlwase. Bonke laba basekhona abanye babo bafunda kancane ngaphandle kwaba bili uHlomendlini no Mbulawa ab funda kakhulu impela baya nese Kholishi.

16. uMbulawa uyena kungo wokungcina ku Mahaladla. uHlomendlini wa funda wagcina ku Second Grade. Waye funda eMariannhill College kuthena uma esephumelele waqonda eSwazini wathi uyofuna intombazane yokushada kuthena kunjalo wathola intombazane yenkosi yase macunwini. Intombazane ka Nzonyo ka Dlayisa kuthena uma uHlomendlini afike kwelase Macunwini bafuna ukumubulala ukuthi angeshade nentombazane yenkosi kuthena kunjalo wajudasa walanda abakubo ukumumela kulendaba nebala waphumelela sanda kanjena isizwe samaVilakazi nodumo lwaso lwakhula kanjena. Inzalo kaZikali owabaleka eSwazini beno Mnyamana inkosi yama Swazi. Namhlanjena isizwe esekhulu impela kulele lase Dannhauser.

END 383

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.